

IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

05/2015 Intshumayelo ngomkhosi wokukhumbula ukuzalwa kweNkosi, ngomhla ka 25. 12. 2014

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela lomkhosi, lilotshiwe kuJoh. 1:14a, lithi: **"ULizwi owaba yinyama, wakha phakathi kwethu, sabona inkazimulo yakhe."**

1. Iculo 43/44

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Baba osezulwini, siyabonga Mdali noMlondi wethu ngoba wathuma emhlabeni iNdodana yakho ukuba isihlenge ekufeni okuphakade, ezonweni nasemandleni kaSathane. Jesu Kristu, siyabonga ngoba wazalwa eBetlehema, wehla ezulwini ukuba sisindiswe ngomusa wakho omkhulu. Moya oNgcwele siyacela nanamuhla kulomkhosi omkhulu ukuba usihole eqinisweni lakho, usiphe ukukholwa okuyikho. Sivuse ukuba sibone lesisipho esikhulu sokuzalwa kukaJesu Kristu. Lokhu sicela ngaye onguMsindisi wethu. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe kuMika 5:1-4a;
Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kuThithu 3:4-7
Ivangeli ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe ku-Johane 3:31-36.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 46/47

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 2:1-20, lithi: "Kwathi ngalezozinsuku kwaphuma isimemezelo kuKesari Awugustu sokuba kubalwe izwe lonke. Lokhukubalwa kokuqala kwenziwa uKhureninyu engumbusi waseSiriya. Bonke baya kubalwa, yilowo nalowo emzini wakubo. Naye uJosefa wakhuphuka ephuma eGalile emzini waseNazareth, waya eJudiya emzini kaDavide othiwa iBetlehema, ngokuba wayengowendlu nozalo lukaDavide, ukuyobalwa kanye noMariya owammiselwe ukuba abe-ngumkakhe, ekhulelwe. Kwathi-ke beselapho, zaphelela izinsuku zokuba abelethe. Wazibula ngendodana, wayembesa, wayilalisa emkhombeni, ngokuba bantula indawo endlini yezihambi. Kwakukhona abelusi kulelozwe ababehlezi endle, belinda umhlambi wabo ebusuku. Ingelosi yeNkosi yema phambi kwabo, inkazimulo yeNkosi yabakhanyisa nxazonke; besaba ngokwesaba okukhulu. Ingelosi yathi kubo: Ningesabi; ngokuba bhekani, nginibikela

izindaba ezinhle zokuthokoza okukhulu okuzakuba-kubantu bonke ukuthi nizalelwe namuhla uMsindisi onguKristu iNkosi emzini kaDavide. Nalokhu kuyisiboniso kini: niyakufumana umntwana embesiwe, elele emkhombeni. Masinyane kwaba-khona kanye nengelosi uquqaba lwebandla lasezulwini, lumdumisa uNkulunkulu luthi: Udumo kuNkulunkulu kweliphezulu, nokuthula emhlabeni kubantu abathokozelwa nguye. Kwathi ukuba zimuke kubo izingelosi ziya ezulwini, abelusi bekhuluma bodwa, bathi: Asihambe manje, size sifike eBetlehema, sibone leyonto eyenzekileyo iNkosi esazisile yona. Bephuthuma bafika, bafumanisa oMariya noJosefa nomntwana olele emkhombeni. Sebebonile balanda ngalelozwi ababetshelwé lona ngalowomntwana. Bonke abezwayo bamangala ngokukhulunywe kubo ngabelusi. Kepha uMariya wagcina onke lawomazwi ezindla ngawo enhliziyweni yakhe. Babuya-ke abelusi bemdumisa, bembonga uNkulunkulu ngakho konke abakuzwileyo nabakubonileyo, njengalokho kwakukhulunyiwe kubo." Amen.

8. Intshumayelo: Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, Angidingi ukusho lokhu, nokho ngisho ukuthi: Namuhla kungumkhosi omkhulu kakhulu emhlabeni wonke. Mhlawumbe kungumkhosi wemikhosi. Abantu abaningi kakhulu bayathokoza, bayajabula, bayahlabelelela namuhla uNkulunkulu amaculo amahle ngalomkhosi omuhle. Siyakhumbula ngawo ukuzalwa kweNdodana yakhe eBetlehema. Siyabonga kanye namakholwa onke uNkulunkulu, ngokuba wayethuma iNdodana yakhe emhlabeni ukuba isibe inkululeko engcwele, isihlenge ekufeni okuphakade, isibuyisele ekhaya laphakade kuYise, ekhaya likaBaba, uMdali noMlondolosi wethu. Sabaleka, saxoshwa khona, kodwa uNkulunkulu wasilandela ukusifuna nokusibuyisela khona ezulwini. Ngalokhu sijabula namuhla ukuzwa ngothando lukaNkulunkulu kithina esingabantwana bakhe. Siyajabula ukuzwa lezindaba ezinhle zokuthokoza okukhulu, ezithi: "Sizalelwe umntwana, siphiwe iNdodana; umbuso uyakuba semahlombe akhe, negama lakhe liyakuthiwa uMluleki omangalisayo, uNkulunkulu onamandla, uYise ongunaphakade, iNkosi yokuthula. Mhubeleni uJehova igama elisha, ngokuba wenze izimangaliso." Ngalentroyitu amabandla eNkosi ayaqala namuhla ukukhonza leNkosi yamakhosi, uJesu Kristu, uMsindisi wethu.

Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, lendaba kaKhisimusi iyaqala ensimini yase-Edene, eParadise ngesikhathi abantu bokuqala bawela esonweni ngokungalaleli kwabo uNkulunkulu nomyalelo wakhe. Yibo abantu abangenisile ukufa emhlabeni. Ngenxa yemvelo yabo ekonakele abantu abakwazi ukuzisindisa, banenhliziyi engalaleli imiyalelo yoMdali wabo, bonke abantu bayaqonda ekufeni, ngokuba bonke bonile, bonke bayizoni. Siyinzalo ka-Adamu, ukuphela kwethu lapha emhlabeni kungukufa. Kodwa uNkulunkulu wayengafuni ukufa kwabantu bakhe, mhla ebadala, nanamuhla akakufuni ukufa kwethu. Uyafuna ukuphila nokusindiswa kwethu. Uthanda ukuphila nathi embusweni wakhe, kuze kube phakade. Wabathembisa abazali bethu bokuqala u-Adamu no-Eva uMsindisi. Wathembisa uAbrahama uyise wesizwe uMsindisi azalelwa kuso. Wathembisa uDavide inkosi yabakwa-Israyeli ukuthi uMsindisi ozoza emhlabeni evela emndenini wa kubo ukukhulula abantu bakaNkulunkulu ezonweni zabo, emandleni kaSathane, nasekufeni okuphakade. Thina esingabantwana bakaNkulunkulu banamuhla siyamazi loMsindisi onguJesu Kristu, ozalelwe eBetlehema. Siyakholwa nguye ukuthi unguMsindisi wethu. Siyacula namuhla sithi: "U-Adam' ePharadis' waleqa izwi leNkosi; iNkos' ayimlahlanga, yasithembis' uMsindisi. Kalokhu uyeza yena, uyazinikela kithi." Siyazi iNdodana kaNkulunkulu iNdodana kaMariya ezelwe eBetlehema asisalindeli omunye. Kodwa siyakholwa nguye uJesu Kristu ukuthi unguMsindisi wezoni. Ngesivumo sobuLuthere siyavuma iqiniso elithi: "Ngasemva kokuwa kuka-Adamu bonke abantu abazelwe ngokwemvelo, bazalwa benesono, okuwukuthi ngaphandle kokumesaba uNkulunkulu, ngaphandle kokumethemba uNkulunkulu, benenkanuko embi; ngokuthi lesisifo noma ukonakala kwemvelo kuyisono ngempela, kuyalahla, kuyaletshela futhi kalokhu ukufa nokuphakade labo abangazalwa kabusha ngombhaphathizo nangoMoya oNgcwele." Ngalesisivumo sethu siyabona, nokuvuma ukulahleka kwethu. Kodwa uNkulunkulu wasipha iNdodana yakhe. UJesu Kristu wazalwa lapha eBetlehema. Wayengazalwa ngokwemvelo njengathi, kodwa wazalwa nguNkulunkulu nangoMariya intombi. Wazalwa ngaphandle kwesono semvelo ngamandla kaMoya oNgcwele. Wazalwa engenasono. Weza emhlabeni ukuthwala izono zethu, yena ongenaso isono, nma esisodwa.

Ake singadeleli lomkhosi omkhulu, singawuguquli ube umkhosi wokudla nokuphuza kuphela, kodwa sibhekisise kahle konke esikwenzelwe yiNkosi yethu. Simkhonze, simdumise, simlalele ngendlela efanele. Ivangeli likaKhisimusi liyasifundisa lokhukukhonza uNkulunkulu ngendlela endle. Simlalele njengoJosefa noMariya. Sithokoze kanye nabelusi baseBetlehema. Sijabule kanye nezingelosi, simdumise uNkulunkulu kanye nazo, sithi: "Udumo kuNkulunkulu kweliphezulu." Simbonge kanye nabantwana bakhe bonke abakholwayo nguye, ngokuba waletha kithi ukuthula nokwenama. Sihambe, simbheke lapha ekhona njengabelusi balesosikhathi eBetlehema. Sihambe, siya enkonzweni yakhe, silizwe izwi lakhe, sidle isidlo sakhe esingcwele. Siyabona ukuthi lapha ivangeli likaKristu lingena khona emhlabeni ubumnyama buyahamba, ukukhanya kuyakhanyisa ubumnyama bendawo. Ubumnyama abuhlali lapha ukukhanya kukaJesu ekhona. Ukukhanya kuyaxosha ubumnyama. UJesu Kristu uNkulunkulu ungukukhanya kwezwe uyaletsa lokhukukhanya nokuthokoza okuyikho kithina esihlezi ebumnyameni. Namuhla siyakhomba lomkhosi siyavuma, sithi ungowokukhanya. UJesu Kristu wafika lapha ukuletha ukukhanya nokuthula kithina esahlezi ebumnyameni.

Ake sibonge uNkulunkulu uBaba wethu osezulwini ngakho konke ukuphila kwethu. Ake simbonge ngalomkhosi omkhulu kaKhisimusi ngokuba uyasithanda kangaka. Masimbonge kuze kube phakade. Amen.

9. **Umkhuleko:** Siyabonga Baba wethu osezulwini, ngokuba usithandile kangaka uthumele iNdodana yakho lapha kithi emhlabeni ukuba isisindise. Sicela namuhla uMoya wakho oNgcwele ukuba asivuselele, asiphe ukukholwa nguwe njalo, singalahleki kodwa sethembe kuwe njalo, sibone lomkhosi omkhulu wakho, sibone umsebenzi weNdodana yakho, sibone, sibonge umusa wakho. Lokhu sicela ngaye uJesu Kristu iNkosi noMsindisi wethu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo -/57, noma 48/46

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyu zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2008/2014 ngu-P. C. Weber.

Ukucindezelwa nokuthunyw kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation